⁹⁷ Khangela ukuthi udeveli wayelobuqili obunganani, wadlelezela wonke umpristi owabuya emhlabeni. Sibili wakwenza. Wadlelezela, ulokhe ekwenza. Yebo, sibili wakwenza. Waye khaliphile, kodwa wahlangana losowabo, ngolunye usuku,

Owamqobayo. Futhi into kuphela okumele siyenze yikweyama phezu Kwakhe nje, Usevele wamnqoba. Bona?

⁹⁸ Kodwa uvela ngaphansi, futhi, linhlakanipho abantu abayengezayo ukufakaza lokutshengisa zonke izinto lezi ngani umuntu kufanele enze *lokho* futhi umuntu kumele enze *lokho*, kuphambene futhi kuyibutha (ingqondo yenyama) kuNkulunkulu. UMbhalo watsho njalo. Kulungile. Kungelandaba lokuthi kukhaliphe okunganani, bangakuphendukezela. Ngifuna omunye angitshengise lapho uNkulunkulu ake waba lenhlanganiso kumbe wake walayela eyodwa, ngaphandle kwalokho okukulahlayo lapha eBhayibhilini. Kungelandaba lokuthi bakhaliphe okunganani abangazama ukuba yikho kuphambene! Ukuthi inhlakanipho ingama kanjani futhi ikwedlule ngokukuphikisa, futhi ikwenze uzwe *lokho* okuncinyane ngokukutshela ngakho, kodwa kuphambene leMibhalo.

⁹⁹ Omunye wathi kimi, “Mfowethu Branham, kulento eyodwa engiphambana ngayo lawe.” Wathi, “Uyi Jesus Only.”

Ngathi, “Angisuye. Angisuye wenhlanganiso loba yiphi.”

¹⁰⁰ Igosa lesizwe esithile lathumela, ngolunye usuku, futhi wathi, “Omunye wangitshela ukuthi wawuyi Jesus Only, Mfowethu Branham.”

Ngathi, “Lokho kuphambene. Lokho akusikho.”

¹⁰¹ Wathi, “Bangitshela ukuthi ukholwa othandweni olukhululekileyo, ukuthi amadoda atshiye abafazi babo futhi bazingele...” Manje, bona, lawo nje ngamanga kadeveli. Liyakwazi lokho.

¹⁰² Ngathi, “Ngiyamelana lezinto ezingekho embhalweni! Ngiyakholwa yibungcwele lobumsulwa. Ngiyakholwa ukuthi indoda ibotshelwe kumkayo ingqe besaphila.” Awufanelanga umthathe ungakhulekanga kuqala.

¹⁰³ Futhi iJesus Only, iqembu le-Jesus Only, akulalutho olubi ngabo, bafana nje laloba yiliphi iqembu, kimi. Kodwa babhaphathiza ngokungayisikho, babhaphathizela ekuguqulweni okutsha. Ngiyakholwa ukuthi siguqulwa kakutsha nguMoya oNgcwele, hatshi ngamanzi. Ngiyasebenzisa iBizo likaJesu Khristu ekubhaphathizeni, futhi akula omunye uMbhalo eBhayibhilini ukusekela...ukukwenza kuphambene. Kwakungelamuntu eBhayibhilini owake wabphaphathizwa ebizweni lika “Baba, Ndodana, Moya oNgcwele.” Ngifuna omunye umuntu abuye angitshengise indawo eyodwa umuntu oyedwa owabphaphathizwa kanjalo. Khona-ke, nxa kungekho embhalweni, yekela ukukwenza!

Wena uthi, “Akwenzi mehluko.”

¹⁰⁴ Kwawenza kuPhawuli. Wabalayezela ukubhaphathizwa njalo, eBizweni likaJesu Khristu, futhi-ke bamukela uMoya

oNgcwele. Futhi uPhawuli wathi, “Nxa ingilos i evela eZulwini,” abaseGalathiya 1:8, “ingabuya, ifundisa loba yiliphi elinye ivangeli,” kulalokho ayekufundisile, “makabe ngoqalekisiweyo.”

¹⁰⁵ Bona, kulisiko. Ngakhulumu lomuntu omkhulu kungasikude. Wathi, “Mfowethu Branham, angeke. Ngiyakwazi ukuthi Kunjalo,” wathi, “kodwa kuyini engingakwenza Ngakho?”

Ngathi, “KuLalele!”

Wathi, “Ngani, ngi—ngilesithunzi phakathi kwabantu bethu.”

¹⁰⁶ Ngathi, “Kodwa ngifuna isithunzi loNkulunkulu, ngakho lalela iLizwi Lakhe. Kumele uthathe ukhetho lwakho, uzakhonza uNkulunkulu kumbe umuntu?”

¹⁰⁷ Kodwa bathola inhlanganiso yabo, babeke lezi izitsho kibo, balandele khona phansi. Isikhathi sokuqala okwake kwasetshenziswa kwakusebandleni leRoman Katolika. Kunjalo. Ngifuna omunye umuntu ozangitshengisa okunye okwahlukileyo. Ngiyabala imbali, lami, uyazi. Ngakho khumbula, lolo lubhaphathizo lwesiKatolika, lomuntu wonke obhaphathizwe ngaleyondlela ubhaphathizwe ebudlewaneni beKatolika. Ngizakufakaza ubusuku bungakedluli, nxa iNkosi ithanda. Kunjalo. Yiso isizatho kufanele uphenduke.

¹⁰⁸ Hatshi iJesus Only. Manje, kulamadoda alungileyo amanengi ebandleni leJesus Only. Amadoda alungileyo amanengi kuAssemblies of God, iChurch of God, Methodisti, Baptisti, Presbyterian, leKatolika. Kodwa akula lalinye lawo eliyiBandla, ngitsho lelilodwa awo. Kulabantu ngamunye phakathi lapho abangabeBandla. Kodwa akusiyu leyonthlanganiso yesonto abalayo ebenza iBandla, njengabantu abazama ukukwenza ngaleyondlela. Kayisikho. Umzuzu nje sisehla phansi silinika iMibhalo ngesikhatsana esimbalwa.

¹⁰⁹ Yebo, ukukhuthala emhlabeni, kufanele uzalwe ngokwemvelo ukuba ukhuthale, futhi ukuzalwa okusenza sihlakaniphe njengoba ngitshilo. Bona? Futhi siba ngabakhaphileyo, ukuhlakanipha, ingqondo zethu zisipha lokho. Kodwa khumbula ukuthi lokho kuzalwa, ukuqala kwakho sibili, kuphambene. Kungokwasemhlabeni futhi kuphambene leLizwi likaNkulunkulu, kuyibuwula kuNkulunkulu lakucebo Lakhe, akwazi lutho ngecebo likaNkulunkulu. Nxa kwakungenjalo, uNikhodimasi wayengabe wazi okunengi ukwedlula uJesu ayekwazi Ngakho. Bona? “Awusuye umfundisi koIsrayeli?” Bona? Bona lapho inhlanganiso zamasono enu eziya khona, lapho amadoda enu amakhulu akhaliphileyo abahlangana ndawonye futhi bedwebe amacebo abo, futhi bawabeke?

¹¹⁰ Mangilitshele lokhu. Sonke isikhathi uNkulunkulu ethumela ukuKhanya emhlabeni, kwenye into eMbhaweni, bagijima lakho khona lapho. Futhi masinya lapho lowomuntu engasekho, benza inhlanganiso ngakho. Futhi masinya lapho bekuhlela, ngifuna ukubuza loba nguphi ovezembali (lapha okhona manje, kumbe kusemathephini) ukubuya angitshengise. Loba yisiphi isikhathi lapho umuntu ake wahlela ibandla, lafa khona lapho futhi alizange laphinda lavuka njalo. Kuphambene loNkulunkulu. Kuphambene leMibhalo. Ngakho-ke ngimelana lakho. Loba yini uNkulunkulu amelana layo, nxa uNkulunkulu ekimi, khona-ke ngimelana lalokho uNkulunkulu amelana lakho. Isitha sakhe yisitha sami. IBandla Lakhe liBandla lami. IMpilo Yakhe yiMpilo yami. Wanikela iMpilo Yakhe, Waba yimi ukuze mina ngomusa Wakhe ngibe njeNgaye. Bona? Santshintsha indawo. Waba yisoni njengami futhi wangifela, endaweni yami, ukuze ngibe yindodana kaNkulunkulu njengalokho Ayeyikho.

¹¹¹ Manje uyabona lapho inhlanganiso zenu esezivele zafika khona? (Asikaqalisi.) Uhlakaniphile enhlakanipheni yomhlaba kodwa ufile kucebo likaNkulunkulu! Manje kasiboneni emuva, sime lapha okwesikhatshana nje.

¹¹² UAdamu waphambana lecebo likaNkulunkulu, ngoba wayengalalelanga iLizwi. Wazama ukuzenzela isimbozo, inkolo. Kwehluleka, futhi kuhlezi kusehluleka, lokho umuntu azama ukukwenza. UNimrodi wayephambukile. UKhora wabhuhba. Kuyini ababezama ukukwenza? Ukwenza inhlanganiso.

¹¹³ Futhi emva kwalokho, lapho ekucineni sebezhlelile, uJesu wabafumana, befile! Wathi, "Lilamehlo futhi kaliboni. Lilendlebe futhi alizwa." Bona? Wathi, "Liyizophofu, likhokhela iziphofu. Nxa isiphofu sikhokhela isiphofu, kabasoze bobabili bawele emgodini?" Wathi, "Wena ungumfundisi koIsrayeli, futhi ungazwisisi ngitsho lokho ukuzalwa okutsha okuyikho? Lapho, nxa ungabe wahlalela khatshana lalawo amasiko, futhi wabambelela eLizwini, lalizakuba lazile ukuthi ngangisiza ukuzopha abantu ukuzalwa okutsha. Lalizakuba lazile usuku Lwami. Nxa lalimazile uMose, lalizakuba lingazile Mina. UMose wakhulumu Ngami futhi wathi ngizakubuya, futhi nanku Ngilapha! Futhi nxa Ngingenzi izinto uMose labaprofethi abathi Ngizazenza, khona-ke lingaNgikholwa. Nxa Ngingenzi imisebenzi kaNkulunkulu, khona-ke lingaNgikholwa. Kodwa nxa lingangikholwa Mina, nginguMuntu, futhi nxa lingangikholwa Mina ngoba nginguMuntu futhi ngisenza imisebenzi kaNkulunkulu, kholwani imisebenzi ngoba iyafakaza ngento eNgiyenzayo." Bona?

¹¹⁴ Kodwa khona-ke, njengalamuhla, nxa Wayephile emhlabeni lamuhla, iAssemblies of God yayizakuba loyedwa, iOneness iyabe iloyedwa, futhi wonke umuntu uzakuba loJesu. Sibili,

inhlanganiso yesonto yabo kumele ithwale ibhola. Bona? Nxa kungahambi, khona-ke kabanjalo. Besehlukanisa ubuzalwane.

¹¹⁵ Ngiyakhumbula umfana omncinyane othiwa “UDavid omncinyane.” Uyindoda, etshadileyo manje, ngiyathemba ulemuli. Ngiyakhumbula lapho equalisa. Ngaya eSt. Louis. Sengake ngezwa ngabatshumayeli abangabafana, ukuthi wayekhwela phezulu lapho futhi athi, “UJesu, umfana omncinyane, wazalelwya esitebeleni. Mama, kwakuyini okunye kwalokho?” Kodwa hatshi lowomfana omncinyane. Waphosela khatshana ijazi lakhe, wathatha isifundo futhi watshumayela. Kodwa wayeyini? Wenzakala ukuba nguJesus Only. Ubaba wakhe, uMnu. Walker, wayengoweJesus Only. Ngani, amaAssemblies ayengeke akumele lokho. Benza ukuthi bathole uDavid omncinyane. Ngani, abanye babo bonke kwakumele bazitholele uDavid omncinyane. Futhi ngesinye isikhathi lapho umfana omncinyane ebambe umhlangano phansi eFlorida, wangibiza ukuthi ngehle phansi futhi ngimsize. Futhi uMfowethu Moore lami sabala amapheji amabili engxene yangaphambili kwephepha, kungela lutho kuphela oDavid abancinyane, ibandla lonke laliloDavid omncinyane. O, bakithi! Ngani, nxa iqembu labadala bakaNkulunkulu lalinanzelele isipho kulowomfo omncinyane, wayezabe ekhukhulele inkulungwane zemiphefumulo eMbusweni, bona; umtshele akhohlwe isiko lakhe ngomuntu lalokhu njengalokho. UNkulunkulu wayelesipho empilweni yakhe, sisebenzise!

¹¹⁶ Lapho ukusiliswa kwaPhezulu kufanekiswa kuqala, wonke umuntu waba lomuzwa ezandleni zabo futhi esenelisa ukunuka imikhuuhlane. Futhi, o, minabo! Ngani? Kwakumele bakwenze, inhlanganiso yabo yayisemncintiswaneni ngemuva. Bona, lilenhlanganiso zenu ziphambi kwecebo likaNkulunkulu, licabanga ukuthi kuyikho. Kodwa uNkulunkulu uleBandla Lakhe lihamba ngokufanayo, uMzimba ofihlakeleyo. Kawujoyini Lokho, uzalelwya Kiwo.

¹¹⁷ Behlakaniphile enhlakanipheni yomhlabo, kodwa befile kumacebo kaNkulunkulu. Ngitshela, khona-ke. Ngitshela, khona-ke. Ungabatshela lokufakaza kibo ukuthi baphambukile, ngeLizwi likaNkulunkulu lesithembiso, futhi kunjalo abasoze bakubone. Ngingahlala khona phansi futhi ngithathe iLizwi futhi ngilitshengise ukuthi inhlanganiso yesonto iphambukile. Ngingalitshengisa ukuthi izivumankolo elilazo lamuhla ziphambukile, bona, lezi izivumankolo zamabandla lawa. Ngitshengise ukuthi kuphambukile, futhi bazakuthi, “Awu, safundiswa ukukholwa *lokhu*.” Uyabona, ngokubona kwami, yi—yikudla kwenyamazana, nxa ukwazi lokho engikhuluma ngakho, into engelamsebenzi. Yebo, kunjalo. Abangeke babone. UJesu wathi, “Lina, lina—lina alingeke libone, ukuze libuye Kimi futhi libe leMpilo.”

¹¹⁸ KwakuloNikhodimasi, indoda ehloniphekayo, indoda

enkulu, ubhishopi ebandleni lakhe, indoda edumileyo, ithandwa ngumuntu wonke, futhi yeza kuJesu futhi engazi lutho ngeMpilo ukwedlula—ukwedlula okunye okwakwenzayo. Wayengazi lutho Ngakho lapho uJesu emkuhuza ngakho, kodwa wayeqinisekile ngokweneleyo ukubuya. Abanye bonke babengeke ngitsho babuye. Bema labapristi abakhulu futhi loBhishopi *Sibani-bani* lo *Sibani-bani*. Bona? Bema kanye labo, kulokuthatha amasiko abo abadala babo ukwedlula ukuzwa iLizwi likaNkulunkulu.

¹¹⁹ Manje, ungabatshela, abangeke bakulalele. Ungakwenza khona kanye... Ungacabanga... ngifuna ukukubuza enye into. Kangitsho lokhu ngokuhlambaza. Manje, bazalwane elilalele kuthephu, angitsho lokhu ngokuhlambaza. Ungangicabanga ngiphuma phandle lapha, futhi—futhi ifindo esihlahleni lingangibuza, “Uhamba kanjani emhlabeni njengalokho okwenzayo? Ngilempilo, ngilifindo esihlahleni lesi”? Engafakaza ukuthi ulempilo, kodwa kuluhlobo olungayisilo. Nxa efuna ukuhambahamba, indlela kuphela angambahamba ngayo, ukubona, ukunambitha, ukuthinta, ukunuka, lokuzwa, nxa wayengakhuluma futhi athi kimi futhi abuze lokho, indlela kuphela, uzamele azalwe ngendlela efanayo engizelwe ngayo. Ameni. Akasoze akuzwisise loba ngayiphi eyinye indlela. Kodwa nxa ezelwe ngendlela efanayo engizelwe ngayo, khonake uzakuba kwazi izinto engizaziyo. Ameni. O, minabo! Yebo, mnumzana. Awungeke utshele ifindo esihlahleni ukuthi lihambahambe kanjani futhi likhuthale, kuzamele lamukele uhlobo lwethu lwempilo ukukuzwisisa. Kuyafana loMoya! Into efanayo ngoMoya, kungenjalo awungeke uKuzwisise. Akudingi ukuzama ukuKucabangisia konke, woza nje Kuye kuqala. Ngoba, “Ngaphandle kokuba umuntu azalwe kutsha, angeke abone uMbuso,” Wathi, lokho, “Kuzwisise.” Kumele uzalwe kutsha ukuze ubeKwazi.

¹²⁰ “Awu,” uthi, “Ngizelwe kutsha.” Futhi ulandule iLizwi? Ungaba kanjani? Impilo yakho uqobo ikunika isiqiniseko sakho, iqembu lakho ojoyinane lalo, inyoni zosiba. Bona? Linda size sehle kulezozinto ngemizuzu emilutshwane, bona.

¹²¹ Kubuya ngoMoya. Ungatshela kanjani abantu izinto zikaMoya abangazalwanga nguMoya? Kumele uzalwe ngoMoya ukukuzisia izinto zikaMoya. U...uJesu wathi, “Umoya uyaphephethela lapho othanda khona, awungeke utsho ukuthi yiphi indlela oza ngayo kumbe lapho oya khona.” Bona? Kunjalo umuntu wonke ozelwe ngoMoya, abangeke bakutshele. Indoda ezelwe ngokoMoya ayithathi umcabango, uvumela uNkulunkulu enze ukucabanga.

¹²² Ucabanga ukuthi ngingama kupulatifomu lapha, ngithathethe umcabango futhi ngitshele umuntu emuva ngale, “Ibizo lakhe nguJohn Doe futhi uvela kwe *thile-thile* indawo, wenze lokhu. Futhi wathatha omunye umfazi emuva lapho, iminyaka engamatshumi amabili edluleyo, futhi waba labantwana

ngalumfazi. Kumele athathe *linto ayibuyisele*, futhi enze *lokho*,” ngabe ucabanga ukuthi, uthatha umcabango, ngingenza lokho? Akula nhlakanipho enjalo kulokhu kuzalwa lapha emhlabeni okwalokho. Kwedlula lokho. Kumele kubuye kuvela Phezulu. Khona-ke lapho usuzelwe ngoMoya, Phezulu, iMpilo eyayi Kuye Owenza lezozinto, wathi, “Imisebenzi engiyenzayo, lizakuyenza lani.”

¹²³ UkuZalwa kwakho kumele kuguqulwe. Ukhohlisiwe. Ungabe wakhuluma ngendimi, ungabe weqa phezulu laphansi, ungabe wamemeza, ungabe wenze konke *lokhu, lokho, okunye*, ungabe wawuli—lilunga elithembekileyo. Wayenjalo loNikhodimasi, bona, kodwa wasilela uzalo. Futhi lapho ulandula iLizwi, uzame ukuLibeka kwenye indawo futhi wenze enye into Kilo, futhi uLihlakazele khatshana kanjalo, khona-ke... uJesu wathi, “Lezi izibonakaliso zizabalandela abakholwayo. Hambani liye emhlabeni wonke futhi litshumayele iVangeli kuso sonke isidalwa.” Ingqe iVangeli litshunyayelwa, lezi izibonakaliso zizalandela. Ngitshele indawo lapho Ake wakususa ebandleni. Ngitsengisa uMbhalo lapho Athi khona, ake wathi, “Okwesikhathi eside kangaka.” Wathi, “Kuwo wonke umhlabu lakuzidalwa zonke!”

¹²⁴ Yebo, kuzamele wamukele uhlobo lweMpilo Ayelayo, ukuze uphile iMpilo Yakhe. Futhi lapho ubona iMpilo Yakhe, khona-ke uzakubakwazi iLizwi Lakhe. Kunjalo. “Lapho Yena,” isabizwana somuntu, hatshi umcabango, hatshi umkhumbulo, hatshi idlabuzane, kodwa “lapho Yena, uMoya oNgcwele, esebuile, Uzathatha lezi izinto eNgilitshele zona, futhi azambule kini, futhi alitshengise izinto ezizayo.” Lokho yikuZalwa. Yiso isiqiniseko sokuthi yiLizwi. Futhi lapho umuntu esithi uloMoya oNgcwele, futhi alandule iLizwi likaNkulunkulu futhi aLibeke kwenye indawo, uMoya oNgcwele ungalandula kanjani iLizwi Lakhe uQobo? Manje ngitsengise inhlanganiso eLizwini. Nanko-ke. Bona? Kulungile.

¹²⁵ Ungocabanga ngosomabhizimusi... Manje nanku ibandla lethu elisasilele ngemuva ngakho. Ungocabanga ngosomabhizimusi owaqalisa ibhizimisi phansi lapha, kuyi... kuyibhizimisi ephumelelayo sibili, futhi kumele athole usizo ngokuphangisa, futhi ahambe egenjini labantu abafileyo, izidumbu, futhi esithi, “Lingabuya lizengisebenzela?” Abasoze babe lusizo kuye.

¹²⁶ Yiso isizatho inhlanganiso ingavuki futhi. Bona? Iqembu lokungakholwayo kuzibuthanisa ndawonye njengoNimrodi, njengoKhora, njengaphansi kudlula esikhathini. Kungenzakala kanjani... Akaze akusebenzise, akaze asebenzise inhlanganiso. Angeke akwenze. Kuvele kuphandle kwentando kaNkulunkulu, kwedlule lokho. Akufinyeleleki, akuhlolisiseki.

¹²⁷ Ungahamba kanjani endoden'i enganyikinyekiyo, ikhanda

elikhubazekileyo, isandla lonyawo, umtsheli ukuthi uyamfuna akugijimele umcintiswano wenyawo, gjima lumcintiswano ngokubekezelu, beka eceleni...Bona? Angakwenza njani lapho umuntu engeke anyakaze, ukhubazekile? Kufanele ususe ukukhubazeka kuye, kuqala, khona-ke usengagijima.

¹²⁸ Yikho lokho inhlanganiso ekufunayo, yikusiliswa kwaPhezulu. O, minabo! Ngithemba angifumani...kuzwakala kuchothoza. Bona, angichothozi, kodwa nxax isipikili singabetherwanga siyadonseka kalula. Bona? Yiso isizatho uMoya oNgewelege angeke asebenzise inhlanganiso yesonto. Masinya lapho i...

¹²⁹ Khumbula, ngiyakhola ukuthi uMartin Luther wayeloMoya oNgewelege. Ngempela. Mhlawumbe kungayisiso isilinganiso okuYiso lamuhla, ngoba Wawungakaphiwa. Sedlule kulokhu, lina bantu bethabhanekeli, lapha ebbodini emnyama. Kodwa wakholwa kuNkulunkulu, "futhi lowo okholwayo uleMpilo engapheliyo." Angikaze ngicabange ukuthi kwakulomuntu owayekholwa lokho njengami, kwaze kwaba yilokhu kusa, ngizwe uCharles Fuller ngisehla ngisiya phansi. Uyakhola, laye, ukuthi ukuzalwa okutsha akusilobhaphathizo lukaMoya oNgewelege. Ukuzalwa okutsha yikuzalwa. UMoya oNgewelege lubhaphathizo. Bona? Kulungile.

¹³⁰ Manje siyafumana ukuthi lindoda kumele izalwe kutsha ukuze ikhuthale. Kulungile, ukuzalwa ngokwenyama, khona-ke usulenhlakaniph yomhlaba. Futhi inhlanaph yomhlaba ilalela umfundisi wayo wenyama. Kuqondile. Yikho kanye kungani umuntu ongelakuzalwa okutsha, futhi umtsheli iLizwi likaNkulunkulu, bazakulalela ubhishopi wabo, igosa labo kumbe inhlanganiso yabo, kuleLizwi leMpilo. Ngani? Alazi lutho kodwa lokho. "Ngani, uyazi, ngolunye usuku ngingaba ligosa." Ngani, uNikhodimasi wayengumfundisi. Lokho kwakusedlula igosa, lokho kwakusedlula u—u—umalusi, lokho kwakusedlula, lowo kwakungumfundisi koIsirayeli. Bona? Yebo, futhi wayengumuntu omkhulu, wayengowaleli iqembu futhi engazi lutho ngoNkulunkulu ukwedlu la loba yini. Bona? Konke ayekwazi kwakuyimbali.

¹³¹ Usizani uNkulunkulu wembali nxax engafani lamuhla? Usizani uNkulunkulu kaMose nxax Engayisuye uNkulunkulu ofanayo lamuhla? Usizani uNkulunkulu owayengasindisa indoda esiphambanweni engenelisi ukusindisa oyedwa osesimweni esifanayo lamuhla? Njengoba ngihlala ngisitsho, "Kuncedani ukunika inyoni yakho esekhejini intanga ezinhle lamavithamini, ukumenza abelezinhl eziqinileyo impiko lensiba ezinhle, futhi umbeke ekhejini?" Angikutholi. Zama ukumtshela ngoNkulunkulu wamandla lezinto, futhi umnamathisela enhlanganisweni engakholwayo entweni enjalo. Bona? Konke kuphandle. Yiso isizatho kusehluleka, ufile. Awungeke uyisebenzise. UNkulunkulu akaze ayisebenzise.

¹³² Cabanga nje, uMoya oNgcwele akaze enze, loba yisiphi isikhathi, asebenzise inhlanganiso, loba ngaphi uMbhalo kumbe loba ngaphi embalini. Nxa loba ngubani kulithephu, kumbe okhona, ongangitshengisa lapho uMoya oNgcwele owathatha khona inhlanganiso futhi wenza ingquba emhlabeni, buya ungitshene. Ngifuna ukuthi lingitshele ibhuku lembali eyavela kikho. Liyakwazi ukuthi akukho eMbhalweni, ngakho ngifuna lingitshengise imbali eyavela kikho. UNkulunkulu kakaze asebenzise ulutho olunjengalolo. Usebenzisa umuntu ngamunye, isikhathi sonke.

¹³³ Kulungile, ukuzalwa ngoMoya. Manje, ukuzalwa yinyama, futhi ube lenhlakanipho yomhlaba, inhlakanipho izalalela utisha wayo wenyama. Ukuzalwa nguMoya yikukholwa lokulalela imfundiso yeBhayibhili, ngoMoya oNgcwele. Futhi umuntu ozelwe ngoMoya uzalalela iLizwi likaNkulunkulu kungenani lalokho isiko loba liphi elimtshela khona. Kuyikho nje. Uzelwe kutsha, yiso isizatho ubona. Ukuba ngowenhlanganiso, ufaka lonke ithemba lakho kulokho...

¹³⁴ Manje, angitsho ukuthi abantu enhlanganisweni abazalwanga kutsha. Manje, ngizafika kulokho ngemizuzu emilutshwane, iNkosi ithanda. Sibili, banjalo, kodwa bangumuntu ngamunye. Hatshi inhlanganiso izalwa kutsha; abantu ngamunye phakathi lapho bazalwa kutsha. Kodwa inhlanganiso kuphela imehlukanisa loNkulunkulu, yikho konke ekwenzayo: ukwehlukanisa. Kulungile. Kungenani lenyama, inhlanganiso yesonto ifundisa inyama, ihlezi iphambene lentando kaNkulunkulu.

¹³⁵ Ukuzalwa kutsha kutsho “ukuzalwa kuvela Phezulu.” Kutsha kutsho “kuvela Phezulu.” Ngithemba liyakwazi lokho, bona. Ukuzalwa kutsha kutsho uku “zalwa kuvela Phezulu.” Manje, lizabona, lingakutaditsha nxa lifuna ukukwenza, isichazamazwi. Bona, kutsho “ukuzalwa okuvela Phezulu.” Ngoba, uzelwe *lapha*, manje ukuzalwa kutsha kumele uzalwe kuvela phezulu *Lapha*, ukuzalwa kustha. Khona-ke lowoMbuso uphezulu kakhulu kulaLumbuso, umkhulu kakhulu kulaLumbuso, kuze kuthi lumbuso uyibuwula kuLowo, futhi Lowo uyibuwula kulowu.

¹³⁶ Njengoba ngiqlala ngisitsho, mina lomkami lapha kungasi kude sahamba ukuyathenga amagrosari, phakathi kwenyanga ezinlutshwane ezedluleyo, futhi sabona umfazi owayegqoke isiketi. Futhi kwakuyinto engejwayelekanga kakhulu esake sayibona esikhathini eside.

¹³⁷ Awu, lokhu kusa, kangikhulumi lokhu ngokuhlambaza, ngezwa enye yezinhlanganiso ezinkulu ezidumileyo. Futhi indodakazi yami lami sasilalele emsakazweni lapho sisiyabusisa ibandla. Futhi ingoma ababeyihlabela, olunye uhlobo lwento ngoSibani-bani, okunye ukuhlabelela okuthize okuzwakala

kimi njengabafazi bebambe umoya wabo baze babe luhlaza okwesibhakabhaka ebusweni, futhi-ke bacabanga ukuthi lokho yikuhsabelo. Lokho yikuklikliza. Ngiyathanda ukuhlabelela okuhle okudala kwePhentekhostali, okuvela enhliziyweni yakho. Wawungeke uthwale itshuni phakathi kwebhakede lamalahle, kodwa kukanti uyahlabela, usenza umsindo oyintokozo eNkosini. Ngicabanga lokho ngokukamoya. Ngiyakuthanda. Kodwa lokho kubamba umoya wakho uze ubeluhlaza okwesibhakabhaka nje ebusweni, futhi ufe futhi-ke uphenduke, ngubani... Awuzazi ngitsho sibisakho lokho okuhlabelayo. Ukhangelela njani ukuthi omunye abekwazi? Yikho. UJesu wathi, "Siyakhulumu lezozinto esizaziyo." Kunjalo. Kunjalo. Lokho okufanele sikwenze yikuhsabelo lokho esikwaziyo enhliziyweni zethu, lokho esikuzwayo.

¹³⁸ Futhi lapho beqeda, indodakazi yami itaditsha umnyuziki, futhi wathi, "Mfowethu," wathi, "lokho bekungokohlobo oluphezulu sibili."

¹³⁹ Ngathi, "Yebo, kodwa bangaki phakathi kwaleyko kwaya eyayingaba labantu abangamatshumi amahlanu ocabanga ukuthi bebelegwayi ekuphefumuleni kwabo? Bangaki abaleyo kwaya obacabangelayo, ubusuku obedluleyo buyibusuku bangoMgqibelo, abangazange banathele ubungane? Bangaki abafazi phakathi lapho abakade belenwele ezigeliweyo? Bangaki abakade bependile, lapho umalusi webandla ekhulumile insuku ezinlutshwane ezedluleyo, 'uNkulunkulu wenza umhlaba omuhle kakhulu lapho Esenza ipenda'?" Lapho, sisazi ukuthi kulomfazi oyedwa eBhayibhilini owapenda ubuso bakhe, futhi uNkulunkulu wamenza wadliwa yizinja. Futhi thina, loba ngubani owazi ulutho ngebandla lamayelana ngamahedeni, uyakwazi ukuthi ipenda ngumkhuba wamahedeni, kuhlezi kunjalo. Futhi, kukanti, abesifazi bayakwenza. Futhi amadoda bebhema, benatha, beqhubeka. Futhi bemile lapho futhi behlabela, amazwi anjalo. Sizafika kikho ngemizuzu emilutshwane khona lapha. Kulungile. Bengabokucabanga kwenhlanganiso, lapho, kuzakuba lokudaniswa ekwaHlulelweni, ngokubona kwami.

¹⁴⁰ Ukuzalwango Moya, yikukholwa lokuziphatha eMoyeni, yikuwsisa lokukholwa ngenhliziyoyakho ukuthi uJesu nguKhristu futhi Leli yiLizwi Lakhe, ukuthi akula amanye amazwi angangezelelwaa Kilo kumbe aphungulwe Kilo ibizo lakho lingakhutshwanga eBhukwini lokuPhilia. Lokho bekungokuqinileyo. Nxa ungezelela into eyodwa Kikho, esikweni lakho, kumbe ukhuphe into eyodwa Kikho, awu, uKhristu wathi, Sibisakhe, "Ibizo lakho lizakwesulwa eBhukwini lokuPhilia." Manje, fumana inhlanganiso, inhlanganiso yesonto eBhayibhilini. Uzayibalekela! Kulungile. Kungenani lenyama, ukufundisa kwenhlanganiso yesonto kuphambene leBhayibhili. Yebo. *Ukuzalwango kutsha kutsho*

“ukuZalwa okutsha okuvela Phezulu; ukuzalwa kuvela Phezulu.” Khona-ke siyakhuthala ezintweni ezivela Phezulu. O, minabo! Ngoba kunguye Sabisakhe esenza eLizwini Lakhe ngawe, ugatsha Lwakhe, eVinini.

¹⁴¹ Yiso isizatho uJesu wathi, “Nxa Ngingenzi imisebenzi kaBaba Wami, lingaNgikholwa.” O, ngeqiniso! Wathi, “Akulamuntu owenyukela phezulu eZulwini kodwa Lowo owehla phansi evela eZulwini.” Umkhangele Yena elungisa uNikhodimasi lapha, lapho uNikhodimasi... Liyazi, bacabanga, Yena enguMuntu, Wayengeke abe nguNkulunkulu. Futhi Wathi, futhi lapho Wathi, “Akulamuntu owenyukela phezulu eZulwini kodwa Lowo owehla phansi evela eZulwini, ngitsho iNdodana yomuntu khathesi eseZulwini.” Lokho kwakukukhulu kakhulu kuye. Wayengakwenza kanjani Yena, iNdodana yomuntu, yehla phansi ivela eZulwini, yehla *phansi* ivela eZulwini, yayingofanayo eyenyukela *phezulu* eZulwini, futhi Lowo ofanayo ome lapha phezu kwalindlu, ekhulumo loNikhodimasi, wayeseZulwini okwakhathesi? Awu, wayemele ukuthi abone ukuthi kwakunguNkulunkulu. Ukhona ndawo zonke, yonke indawo! Bona? Kodwa yena, emasikweni akhe, wayengakwazi lokho. Wayengelangqondo kamoya. Ingqondo yenyama, futhi wayengelakukubamba.

Uthi, “abantu bathi Mina iNdodana yomuntu ngingubani?”

“Abanye bathi, awu, ‘UyiNdodana kaDavida.’”

¹⁴² Wathi, “Khona-ke kungani uDavida eMoyeni waMbiza ‘Nkosi,’ wathi, ‘INkosi yathi eNkosini yami, “Hlala Wena esandleni Sami sokunene, ngize Ngenze izitha Zakho isenabelo sezinyawo”?’” Ukuthi Yena ungokubili iMpande leHlumela likaDavida; Wayephambi kukaDavida, Waye nguDavida, langemva kukaDavida. Bona? “UyiMpande leHlumela likaDavida,” iBhayibhili latsho njalo, kokubili iMpande leHlumela likaDavida. Wayengaba yiNdodana Yakhe kanjani lapho? Wayengaba yiNkosi Yakhe kanjani? IBhayibhili lathi, “Kusukela lapho kusiya abaMbuzanga lutho.” Ngithembra kwakuyinto enhle, futhi. Yebo, mnumzana. Kulungile.

¹⁴³ Wazalwa kutsha kuvela Phezulu. Khona-ke sikhuthele, sikhuthele ezintweni ezivela Phezulu, futhi, ngeMpilo Yakhe ikithi, okuyiLizwi Lakhe liqinisa iLizwi Sabisalo. UMoya ophakathi kwakho yiLizwi lenziwe laba yinyama kuwe. UMoya unaka iLizwi, futhi ukhuthele ekuqiniseni iLizwi.

¹⁴⁴ Manje, uMoya awukhuthali phakathi kwaloba yiphi inhlanganiso yesonto. Kawulandaba lokwenza inhlanganiso, ngoba uMoya Sabisawo uphambene lenhlanganiso. Inhlanganiso zidinga izinto zomhlaba, ingqondo yomhlaba, futhi zenza amathempelé amakhulu lezinto ezilolongekileyo, futhi izinhlanganiso ezinkulu ezilolongekileyo, abatshumayeli abalolongekileyo, lokunjalo kanjalo, lokuphakemeyo

edolobheni. Lapho, uMoya uzama ukufumana inhliziyoyezithembekileyo lapho uMoya ophisekela ukubonakalisa lokufakaza ukuthi lonke iLizwi likaNkulunkulu liliqiniso. Ungakwenza njani, uMoya ungasebenza kanjani enhlanganisweni lapho ilandula, ithatha izivumankolo esikhundleni seLizwi? Awungeke ukwenze. Ngakho, uyabona, kufile. UNkulunkulu kahambi kulezonhlobo zendawo ukufumana Eyakhe, i—iqembu labantu ukuMsebenzela, ngoba bavele befile. Kabakholwa eLizwini, kumbe angeke abe khona phakathi lapho. Bona? Manje, sikhuthele ezintweni ezivela Phezulu. Manje, uMoya unaka iLizwi. Manje, kunjalo, ngoba uMoya unika iLizwi iMpilo. Bona? “Incwadi iyabulala; uMoya unika iMpilo.”

¹⁴⁵ Manje, bengisiza lamuhla, ngikhangele eziyahlaheni ezinkulu ezinhle phandle egangeni, amaqqa amakhulu, ansundu, alubala lwethanga, amabalabala ahlala eluhlaza ekiwo. Ngathi, “Uyakwazi ukuthi lokho kuyini?” Ngathi, “Sisanda kuba lokufa, futhi uNkulunkulu usekhuphe isixha samaluba Akhe, ewahlanyela phezulu emaqaqeni. Ngamaluba omgcwabo. Impilo isibuye le othulini. UNkulunkulu nje ungewabane zonke inhlanyelo Zakhe ezamaluba lezinto, wazingcwaba njalo, futhi Usehlumisile nje isixha Sakhe samaluba. Ukhangele phezu komhlaba ngoba ngamaluba omgcwabo. Kodwa lapho ilanga liphuma njalo, leyontanga izathatha impilo njalo.” Ameni. Kulungile.

¹⁴⁶ UMoya uthakazelela ekuqiniseni iLizwi. Futhi nxawemukele isiko esikhundleni seLizwi... Manje, wena uthi, “Awu, siyaKukholwa konke, kodwa, Mfowethu Branham, ngiyakwazi asikukholwa *Lokhu*.” Khona-ke yikho lapho oma khona.

¹⁴⁷ Umfundisi wamasotsha wangitshela ngesinye isikhathi ukuthi yena... ukuthi u—ukaputeni wathi, kumbe ngiyakholwa kwakungumeja, wathi, “Mfundisi wamasotsha, hamba ngale, kulkoputeni ofayo. UduTshulwe ngombhobho womtshina.”

¹⁴⁸ Waya khona-le, futhi ukaputeni wayethwele nzima. Bamdonsela phakathi kwethente leRed Cross, futhi wathi, “Kaputeni.”

¹⁴⁹ Wakhangela phezu kokuntshaza kwegazi, futhi wathi, “Yebo, mnumzana.” Futhi wathi, “Ungumfundisi wamasotsha.”

“Yebo.” Wathi, “Uyafa, kaputeni.”

Wathi, “Ngiyakwazi.”

Wathi, “UngumKhristu na?”

Wathi, “Ngangivame ukubanguye.”

¹⁵⁰ Wathi, “WaMtshiya ngaphi, kaputeni?” Wathi, “UzaKumthola lapho owaMtshiya khona.” Kuqondile.

UKaputeni wathi, “Kangenelisi ukucabanga.”

¹⁵¹ Umfundisi wamasotsha wathi, “Kungcono ucabange, awusela kuhela imizuzu ethile, ngendlela odonsa nzima ngayo.” Umlomo uvuleka, igazi liphuma emlonyeni wakhe lasendlebeni, lenhamvu zombhobho ongumtshina zigewe kuye. Wathi, “Kungcono uphangise, amaphaphu akho ayagcwala.”

¹⁵² Futhi ukaputeni waqala ukucabanga, elele lapho edonsa kanzima. Ukubobotheka kweza ebusweni bakhe, wathi, “Sengisazi manje.”

Wathi, “Umtshiye Ngaphi? Qala khona lapho.”

¹⁵³ Wathi, “Manje sengicambalala phansi ukuthi ngilale.” Yikho lapho Amtshiya khona, yikho lapho aMthola khona.

¹⁵⁴ Lapho inhlanganiso yakho ifundisa into ephambene leLizwi, uMtshiya khona lapho. Phendukani khona ngemuva, ngoba Uyakhuthala ekuqiniseni lokwenza leloLizwi iqiniso. Yikho lokho uJesu ayeyikho, ehlezi esenza intando kaBaba. Bona? Kulungile.

¹⁵⁵ Ngakho, bona, ukuzwisisa kwenhlanganiso kaNikhodimasi kwakungatsho lutho kuNkulunkulu. Manje, kungelandaba loba wayeyisikhulu, njengesikubiza ngakho, enhlanganisweni, umfundisi koIsrayeli, konke ukufunda kwakhe lokuzwisisa kwakungatsho lutho [UMfowethu Branham utshayanisa iminwe yakhe—Mhl.] lapho esima phambi kukaKhristu, kuhela ukukhalinyelwa kuye. Manje, ngiyabona abantu bonke besithi, “Baba ongcwele, Nikhodimasi. Baba ongcwele, Nikhodimasi. Sikhothamela kuwe, mnunzana.” Kodwa lapho uJesu, wema phambi kukaNkulunkulu, Wamkuza ngokungazi kwakhe. Ngakho, uyabona konke lokho okuya khona, kukhohlwe! Wozani, sihambe kuNkulunkulu. Kunjalo. Kulungile.

¹⁵⁶ LoKhora ukuzwisisa kwakhe okukhulu akutshongo lutho, kumbe okukaAdamu, ngamunye belandula uMbiko kaNkulunkulu oqinisiweyo. Manje kasilalelisensi manje, sizakungena emanzini aphakemeyo ngomzuzu. Bona, munye lamunye wabo, isizatho bangena enhluphekweni, uNikhodimasi, uKhora, uNimrodi, lokunjalo, kungenxa yokuthi abazange baqaphele isithunywa sikaNkulunkulu leLizwi eliqinisiweyo lalolosuku. Manje, loba ngubani uyakwazi lokho. Manje, singahlala kulokho isikhathi eside. Kodwa uNkulunkulu uyabikezelu into ethile futhi akhulume into ethile izakuthatha indawo, umuntu wenza inhlanganiso, enze umuntu ahlele khona kanye. Bakholwa ukuthi kwakulo Mesiya ozayo. O, wona amaJuda, o, minabo, sibili! Kodwa lapho uJesu esiza ngendlela Abuya ngayo, bathi, “Lowo akungeke kube Nguye.” Bayehluleka ukuzwisisa iLizwi. Manje, uJesu kazange abuye ngokuphambene leLizwi (ngabe Wakwenza yini?), kodwa Wabuya ephambene lengcazeloyenhlanganiso ngeLizwi. UMose kazange abuye ephambene leLizwi, weza khona kanye

ngeLizwi; kodwa uKhora wehluleka ukukubona. Futhi konke kusehla kube ngaleyondlela.

¹⁵⁷ Manje khangela. LuMbiko wosuku awungeke nje ube yinto usithi “sileQiniso futhi silalokhu, lokho,” kumele kube kwakhulunywa ngaphambili eLizwini Lakhe! Futhi-ke emva iLizwi selilethiwe, kufanele liqiniswe ngokuqondileyo ngeLizwi.

¹⁵⁸ UJesu wayeqiniswe ngokuqondile nguNkulunkulu, ngeLizwi. Wathi, “Aluba lalimazile uMose, lalizakubalwazi usuku Lwami.” Abaprofethi bakhuluma kuhle Ngaye, bonke abaprofethi bakhuluma kuhle ngalokho Ayeyikho. Futhi kanti kwabaphumputhekisa, abakuzwisisanga. Bona? Kodwa uJesu waye...Futhi kangi...

¹⁵⁹ Ngifuna ukukhulumela ithephu lokhu, lani, futhi. Bona, isithunywa loMbiko wosuku!

¹⁶⁰ Manje, nxa uhamba, iSeventh-day Adventist ithi, “Simtholile, gcina nje iSabatha!” Ngitshengise lokho eMibhalweni. Nkz. Eddy Baker wathi wayelakho. Ngitshengise khona. IJehova Witness yathi babelakho. Ngitshengise khona. Bona? IMethodist yathi babelakho. Ngitshengise khona. AmaBaptisti bathi babelakho. Ngitshengise khona. Ngitshengise loba yiphi yezinhlanganiso. Ngiyafakaza kini ukuthi bona, bonke, baphandle kwentando kaNkulunkulu. Bonke babo baphambene, befundisa amasiko abantu kuleLizwi likaNkulunkulu. Angazi loyedwa wabo ongamukela izinto ezibhaliwego eBhayibhilini ngendlela eziYiyo. Kunjalo. Kodwa lapho omunye umuntu esiza ngalapho futhi wathi, “NgiloMbiko wosuku,” kumele abonakale ngokuqondileyo kuqala futhi akhulunywe ngaphambili ukubuya.

¹⁶¹ Lapho uJohane umBhaphathizi ephuma phandle lapho, bathi, “Ngabe unguKhristu na?”

Wathi, “Angisuye.”

Bathi, “Nga—nga—ngabe unguElija?”

Wathi, “Angisuye.”

Wathi, “Ungubani?”

¹⁶² Wayezibonakalisa, waye loMbiko wehola. Wathi, “Ngiyilizwi lalowo omemezayo enkangala, njengokutsho komprofethi uIsaya. Manje, nxa ukuzalwa kwami lempilo kungahambelananga lalokho, linga—lingangemukeli.”

¹⁶³ Lapho uJesu esiza, wayeyinto efanayo, into efanayo. Isithunywa siloMbiko, kumele kube nguMbiko okhulunywe ngaphambili nguNkulunkulu. Futhi-ke uNkulunkulu, ekhuluma ngalesi isithunywa, uyaqinisa ukuthi kuliQiniso. Liyakuzwa na? Liyakuzwisa na? Kuzwisiseni! Kumele kuqala kubeyi ITSHO KANJE INKOSI, ikhulunywe ngaphambili. Futhi-ke isithunywa loMbiko, kufanele sibe yikho kanye lokho

uNkulunkulu akutshoyo ukuthi kuzathathindawo ngaleso sikhathi.

¹⁶⁴ Yijo indlela uMose ayeyiyikho. Yiso isizatho wawa ngobuso bakhe phambi kukaNkulunkulu, futhi wathi, “Nkulunkulu, Ungithumile.”

Wathi, “Zehlukanise kuleloqembu.”

¹⁶⁵ Bona lokho engikutshoyo? Kuhlezi kuyinto etshila ingqondo zabantu, zabakhupha entandweni kaNkulunkulu. Manje khumbula, wakhulumu ngaphambili ngeLizwi Lakhe futhi kwaqiniswa ngokuqondileyo ngeLizwi Lakhe. Manje, uJesu wathi, “Nxa ngingenzi imisebenzi leyo...kaNkulunkulu, khona-ke lingaNgikholwa. Bona, nxa ngiseqa...Uthi, nguphi owenu ongaNgicala ngesono? Nguphi owenu ongaNgitshengisa ukuthi Kangisokholwa?”

¹⁶⁶ UNikhodimasi wathi, “Siyakwazi ukuthi Wena ungu... Rabi, Uvela kuNkulunkulu, ngoba akulamuntu ongenza lezozinto ngaphandle uNkulunkulu wayelaye.” Bona? Ngakho kwatshengisa ukuthi Wayelikholwa.

¹⁶⁷ Manje, thina esazi imbali yebandla. Manje gqokani amakepesi enu okucabanga. Isikhathi asikahambi, bona, ngakho lalelisisanje manje futhi ngizazama ukuphangisa ngengingakwenelisa. Ngi—ngifuna...Lalelisisanje ithephu. Manje, loba ngubani owake wabala imbali yebandla, uyakwazi ukuthi isikhathi sokuqala lapho isiKhristu esake sahlelwa khona, kwakulibandla leRoma Katolika. Manje, nxa kulezinye izikhathi ngaphambi kwalokho, ngifuna omunye alethe imbali futhi angitshengise. Ngingumngane omkhulu kaPaul Boyd, abanengi bezembali abakhulu. Ngilakho endaweni yami yokutaditshela lapho, *The Post Nicene Council, The Nicene Council, The Nicene Fathers*, yonke imibhalo engcweli yebandla, engiyaziyo. Iminyaka engamatshumi amathathu lantathu ngiyitaditsa, ngiyikhangelisa. Kwakungakaze kube lenhlanganiso. Ibandla leKatolika lingunina wenhlanganiso. Siyakwazi lokho ukuthi liqiniso. Ibandla lalingakaze lihlelwe, libe lenhlanganiso yesonto kwaze kwaba libandla leKatolika. Futhi ibala *katolika* litsho “umhlaba wonke jikelele.” Futhi sebenze inkolo yebandla lesizwe, futhi bakwenza phezu kombuso wonke weRoma, futhi elaliphose i—ingxenye enkulu yomhlaba inqotshiwe ngaleso sikhathi. Kwakulibandla lesizwe, lalabo ababengalilaleli babulawa. INicæa Council, insuku ezilitshumi lanhlanu zempi yegazi, lapho abaprofethi abaqotho bakaNkulunkulu, lapho bema phezulu lapho kulabo... .

¹⁶⁸ Ibandla leKatolika, ngani laqalisa, ngani, sonke siyakwazi, ngikufundisile lapha. Kanjani, sibili, uAkhwila loPrisila babengumalusi, uAkhwila wayengumalusi we—webandla leRoma. Lapho uMoya oNgewe usehla ePhentekhosti, Wehlela kumajuda ezizweni zonke ezingaphansi kwezulu. Kodwa insuku

ezinlutshwane emva kwalokho, uPhetro waba lombono phezu kwendlu, ukuya kuKorneliya', umRoma, indoda elungileyo, futhi wakhuleka loMoya oNgcwele wehlela kuye. Emva kwesikhhatshana izikhulu zaqala ukuWamukela. UAkhwila loPrisila bayo e-eRoma futhi bahlela, kumbe, abazange bahlele, kodwa bamisa indlela yokuqhuba ibandla leRoma lakuqala. Futhi, lapho bekwenza, babelabazalwane babo—babolabodade.

¹⁶⁹ Futhi uKlawudiyasi, ekubuseni kwakhe, waxotsha amaJuda wonke eRoma. Futhi yiso kanye isikhathi leso ibandla leRoma Katolika elathi uPhetro wayeseRoma. Ngitshengisa uMbhalo owodwa lapho uPhetro ake wabaseRoma, kumbe loba yiphi imbali ethi wayekhona. Wayengekho, ngokweLizwi likaNkulunkulu, futhi Yikho lokho engikukholwayo. Futhi uPhetro wayengakwenza njani, umJuda, engavumelana lokukhonza izithombe lezinto abalazo, zokukhonza izithombe lezinto? Ngaphi... Bona? Engaphambana kanjani lemfundiso yakhe lapha? Umbhedo. Akutshiyani lamaProtestanti ayikho labo. Linda, sizangena kikho emva kwesikhhatshana, ngokuya lokuya, iNkosi ithanda. Nanzelela. Nanzelela manje, siyafumana ukuthi isikhathi uqobo leso ibandla elithi uPhetro wayeseRoma, imbali ithi uKlawudiyasi (leBhayibhili lalo lathi) wayelayele amaJuda wonke ukuthi baphume eRoma.

¹⁷⁰ Futhi uPhawuli wedlula ngaseEfesu futhi wabuya emikhawulweni yaphezulu lapho, athola khona abafundi laba, futhi lapho wayephezulu lapho evakatshele uAkhwila loPrisila. Emva kokuhamba kwabo, khona-ke abazalwane beRoma kulelibandla baqala ukubumba imiqondo yabo, futhi bengezelela ukukhonza izithombe. Futhike kuConstantine, okuyikuthi unina wayengumKhristu oqotho futhi wathemba ukuthi umfana wakhe wayezakuba nguye, kodwa wayengopolitiki. Futhi wabona ukuthi okunengi kweRoma, kumbe ingxenye enkulu yayo, yohlobo olungabayanga, basebevele bemukele usindiso ngoKhristu. Futhi khona-ke basebeqale ukuba ngabadumileyo sibili, ngoba babesethula uVenus futhi bekhweza uMariya, futhi besethulela phansi uJupiter futhi bekhweza uPhetro, lokunjalo njengalokho futhi—futhi abafundi, futhi kwakuyinkolo edumileyo sibili. Futhi babelobuqhawe. Bona, lawo maKhristu ayesifa!

¹⁷¹ Futhi ibandla leKatolika lathi, "Sasiyisiqalo." Yilo kanye iqiniso, ibandla leKatolika laqala ngoSuku lwePhentekhosti. Kodwa nanku lokho okwamkhuphela phandle: wahlela futhi wajobelela phakathi (eLizwini) imfundiso-nkolo. Futhi imfundiso-nkolo esandakubekwa, lina bantu eledlule iminyaka elitshumi ubudala lingakhumbula imfundiso-nkolo esandakubekwa: ukwenyuka kukaMariya, phose iminyaka elitshumi edluleyo. Eyinye imfundiso-nkolo eyengeziweyo ebandleni. Kulokuba nguMbhalo, zimfundiso-nkolo! Futhi

bazakwenza uzwisise khona manje, bona “akulandaba lokho uMbhalo okutshoyo, yilokho ibandla elikutshoyo.”

Bona, lowompristi wangitshela, wathi, “UNKulunkulu usebandleni Lakhe.”

Ngathi, “UNKulunkulu useLizwini Lakhe.”

¹⁷² Wathi, “Awu, leloBhayibhili liyimbali nje yakuqala yebandla leKatalika.”

¹⁷³ Ngathi, “Khona-ke ngingumKatolika wasekuqaleni.” Ngathi, “Lokho kungenza ngibe ngumKatolika ukwedlula wena, ungumpristi.” Bona? Ngathi, “Nxa lokho kuyikho, khona-ke ngiyilokho.” Ngathi, “Uyabona, ngiyakholwa khona kanye lokho abapostoli abakufundisayo. Likholwa lokho umuntu akujobeleleyo.” Futhi yiyo kanye indlela okwahamba ngayo. Sibili, kwakuyiyo. Kwahamba ngalokho, khona kanye ngaleyondlela.

¹⁷⁴ Manje nanzelela, imbali, khona-ke baqala ukungezelela izimfundiso-nkolo, imfundiso-nkolo, futhi lapho uPhawuli esiza, siyakwazi, ngokwembali, ukuthi kazange avakatshele ngitsho lelobandla lokuqala, ngoba wayengeke amele ukukhonza izithombe. Futhi wavakatshela ibandla lesibili ababelimisile, ibandla lesibili leRoma.

¹⁷⁵ Futhi lapho leyoNicaea Council ibuya, lapho uConstantine wabono umbono wokubambanisa umbuso wakhe. Into efanayo uAhabu ayenzayo loJezebheli, betshada phansi khonale. Bona? Futhi lapho ebona ithuba lokubambanisa abantu bakhe lokwenza isizwe esikhulu esilamandla ngakho, wacabanga ukuthi bazathatha inkolo yabo, ngakho wabenzela inkolo yebandla-sizwe. Futhi lapho babelaley Nicaea Council, futhi imibuzo leyi yabuya ukuba kwakuloNkulunkulu oyedwa, kumbe abathathu; loba kumele babhaphathize eBizweni likaJesu Khristu, kumbe uBaba, iNdodana loMoya oNgcwele; yonke leyi eminye imibuzo ilethwe e—ekubonakalisweni phakathi lapho. Futhi, lapho kukwenza, abanye balabo abaprofethi abadala baphuma lapho bengelalutho kodwa bethandelwe ngesigogo semvu, futhi besidla imibhida. Kunjalo! Kodwa lezo izikhulu ezinkulu basebevele benza indlela yabo ukungena ebandleni, babavalala ngenhlakanipho yomhlaba. Kodwa babelo ITSHO KANJE INKOSI. Waya ebumnyameni besihedeni phose iminyaka eyinkulungwane.

¹⁷⁶ Kodwa laqala kutsha njalo, ukuhluma. Kunjalo. Awungeke ulibulale. “Ngizabuvisela, kutsho iNkosi, iminyaka yonke lezi izinto eziyidilleyo.”

¹⁷⁷ Lezo zinhlanganiso zamasondo zangezelela imfundiso-nkolo. Futhi ukwenza lokhu, ukwengeza imfundiso-nkolo, indlela kuphela loba yiliphi ibandla, indlela kuphela loba yiphi inhlanganiso yesonto engasuka ngayo eLizwini likaNkulunkulu, yikungezelela imfundiso-nkolo esikhundleni seMibhalo

engcwele, yikuzama ukwenza isiko lakho kumbe imfundiso yebandla lakho, loba kuphambene leMibhalo. Khona-ke ungalahlala njani ibandla leKatolika, lapho usenza into efanayo labayenzayo? Liyazwisia? Kulungile. Lapho, manje cabanga nje, iMibhalo ayingeke yehluleke! Izimfundiso-nkolo ngamanga, kwasekuqaleni. Futhi lapho usamukela inhlanganiso yesonto, usuvele wathatha imfundiso-nkolo, ngoba yinto engezelelweyo. Akukho eMbhaweni. Akukho eMbhaweni.

¹⁷⁸ Akulanto enjalo njengenhlanganiso. UJesu kazange athi, “Ngiyalithuma ukuya emhlabeni wonke, ukwenza inhlanganiso.” Hatshi, mnumzana, akulanto enjalo! Ukwenza lokhu, yikulandula iMibhalo engcwele. Lapho lokhu sokwenziwe, kwaguqulwa kusuka “IBandla ngokuzalwa” kusiya “ibandla ngezimfundiso-nkolo lesivumankolo.” Hatshi *ibandla*, mangixolise; ikilabhu! Uyazalwa eBandleni, kodwa uyajoyina ikilabhu. Kayisilo bandla leBaptisti, ibandla leMethodisti, ibandla lePhentekhostali. Yikilabhu yeBaptisti, ikilabhu yePhentekhostali, lekilabhu yeMethodisti, liyazijoyina. Awungeke ujoyine iBandla. Akulanto enjalo. Uzelwe kilo. UNikhodimasi watshelwa lokho. Ngakho uyabona lapho okhona? O, minabo!

¹⁷⁹ Yikho ngimelana lakho. Hatshi ukumelana labantu abakilo; luhlelo engimelana lalo. Ngoba abangeke... Omunye wabadala kumbe enye into okunye, elinye lalawomabandla lingatshumayela enye into eseBhayibhilini ephambene laleyomfundiso, leyoncwadi abalayo kulelobandla, uyaxotshwa khona kanjalo. Yebo mnumzana. Abanye babo belolunya kangako ukuthi abangeke bavumele imvuselelo ibuye kwelinye ibandla ngaphandle kungomunye wamadoda abo uqobo. Ngani, bona ba...

¹⁸⁰ Omunye ngesinye isikhathi wayezanika umtshumayeli... Khona lapha elizweni leli, umtshumayeli omdalanyana emi phansi lapha esitaladeni, ekhala futhi ecela ukuphenduka, futhi esithi, “Wozani, lamukele uKhristu, ligewaliswe nguMoya oNgcwele,” lezinto ezinjengalezo. Futhi omunye ophuma kunhlanganiso yePhentekhostali weza futhi wanika indoda idola ezandleni zakhe, futhi kumele ayephenduka ngoba wenza ubufebe okuphambene lebandla lakhe. Khuluma ngeKatolika! Kunjalo. Futhi liyazi lapho engikhuluma ngakho, futhi; kumbe ibandla leli liywazi, kungenani. Kulungile.

¹⁸¹ Yenza lokhu, ukulandula iMibhalo, lapho lokhu sokwenziwe, kuyaguquka khona-ke lapho ungezelela imfundiso-nkolo lokujoyina inhlanganiso, usuvele wamukela khonapho imfundiso-nkolo yakho yakuqala, ngoba akukho eMbhaweni, ngakho yinto engezelelweyo. Futhi imfundiso-nkolo ngenye into engezelelweyo, “thatha indawo ye,” yikuthathha indawo yokuzalwa. Lapho usemukela inhlanganiso yesonto, usungezelele imfundiso-nkolo. Kulungile. Lapho lokhu

sokwensiwe, khona-ke kuguquliwe kusuka “eBandleni ngokuzalwa” kusiya “kukilabhu ngemfundiso-nkolo kumbe isivumankolo.” Ngoba, bona, kuyimfundiso-nkolo sibisayo, kungekho eMbhaweni.

¹⁸² Manje, uJesu kazange athi, “Hambani emhlabeni wonke futhi lenze inhlanganiso zamasono, hambani liyehlela abantu ndawonye.” Wathi, “Hambani liyekwenza abafundi.” Liyakukholwa na? [Ibandla lithi “Ameni.”—Mhl.] Ameni. Ngakho, uyabona, liphume-lokuphuma.

¹⁸³ Lalelani, khangelani lapha. Asikuvaleni ngokunye lapha, sibethelele enye into phansi kuqine kulesi isikhathini. Bangaki abalesichazamazi sesiGriki, *iThe Emphatic Diaglott* emibhalweni emidala, isiGriki? Kulungile. Sibale, thatha loba siphisi osifundi osifunayo. Ngena elayibrari futhi uthathe isichazamazi, isichazamazi sesiGriki. Bala iSambulo 17, futhi lapho libala lapho, iKing James Version lapha ithi, futhi lokhu, “Wangithwala ngikuMoya; futhi ngabona umfazi ehlezi phezu kwesilo esilombala obomvu, sigcwele a—amabizo okuhlambaza.” Manje, yikho lokho iKing James eyakutshoyo. Kodwa ingcazelo yakuqala yathi:

*...wangithwalela kude ngikumoya...futhi ngabona
umfazi...egcwele ngamabizo enhlamba,...*

¹⁸⁴ Kulomahluko omnengi kakhulu phakathi kwa “amabizo okuhlambaza” la “mabizo ahlambazayo.” Manje khangelani. Sonke siyazwisisa futhi siyakwazi ukuthi lelo kwakulibandla leRoma lihlezi phezu kwentaba eziyisikhombisa, libusa amandla omhlabo. Futhi wabizwa ngokuthi “isifebe,” futhi wayengu “nina wezifebe.” Ini? Kuyini isifebe? Kungaba yindoda na? Kumele kube ngumfazi. Ngakho nxa kungumfazi, kumele kube libandla; wayengunina wezifebe, okufana lalokho ayeyikho. Futhi khangela, khangela, “Phakathi kwakhe!” Yeka kuthophene. “Phakathi kwakhe kwakulamabizo enhlamba.” Kuyini? Manje, batshumayeli lapha lakuthephu, kasithulen. Ayini lawo mabizo enhlamba? IMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iLutheran, iPhentekhostali, lokunjalo. Amabizo enhlamba, ngoba kuzinhlanganiso, isiwule kuNkulunkulu, njengalokho ayeyikho.

¹⁸⁵ Futhi bona, kulawo maqembu, abantu bathi, “Ngani, ungumMethodisti, futhi wenze *lokhu*. UngumPhentekhostali, futhi wenza *lokhu*. UngumPresbyterian, futhi wenza *lokhu*.” Benza into yonke esekhalendeni, liyakwazi lokho. Futhi kuyini? Ngamabizo afanele ukuba njengo-Khristu futhi abizwe ngebizo likaKhristu, futhi ngamabizo enhlamba! Kayisiwo mabandla. Abizwa ngokwamanga ukuthi “ibandla.” Ngamakilabhu! Manje liyabona kungani ngimelana lenhlanganiso? Hatshi abantu, uhlelo lwenhlanganiso, bona, ibizo, amabizo enhlamba (khangela) amakilabhu, abizwa ngamanga ukuthi amabandla.

Ibandla leMethodisti, ibandla leBaptisti, ibandla lePresbyterian, ibandla lePhentekhostali, ibandla leLutheran, ibandla leUnited Brethren, akulanto enjalo. Lokho akukho embhalweni.

¹⁸⁶ KuleBandla elilodwa kuphela, futhi awungeke uLijoyine. Uzalelwé Kilo. Umiselwe ngaphambili Kilo. UMzimba oyiningekwane kaJesu Khristu...uMzimba ofihlakeleyo, bengisitsho, kaJesu Khristu lapha emhlabení, eleLizwi libonakaliswa. Amadodana lamadodakazi kaNkulunkulu, ababalelwá kubo. "Phumaní phakathi kwabo," Watsho. Yebo.

¹⁸⁷ Khangela, ngokuphangisa manje. Angifuni ukulidinisa, kodwa nxá linganginika imizuzu emilutshwane manje, ngizaphangisa ngengingakwenelisa, kodwa ngifuna ukuthi libeleqiniso ukukuthola, ukuze lingakweqi. Bona?

¹⁸⁸ Khumbula, umama Roma, wafunyanwa kuye, egcwéle ngamabizo enhlamba, unina wezifebe. Khona-ke, nxá beyizifebe, kuyini isifebe? Kuyini isifebe? Into efanayo njengesifebe. Ngumfazi ophila engaqinisekanga esifungweni somtshado wakhe. Futhi loba yiliphi ibandla elizitsho ukuba liBandla likaKhristu, futhi liphike iLizwi likaNkulunkulu, alithembekanga esifungweni salo somtshado! Khona-ke wenza ubufebe ngokwengeza imfundiso-nkolo, isiwule lomhlaba lenhlakaniphó yawo, kulokwamukela uKhristu lamandla okuvuka Kwakhe ngoMoya oNgcwele. Futhi ungunina wezifebe owenza into efanayo. Imbiza kayibizi ignedlela ukuthi "ilomsizi," liyazi; bona, okuyisithupha kokukodwa, lengxenye yedazeni yokunye. Abanye babantu laba bagijima ngalapho besenza nje inhlekisa iKatolika, futhi beyinto yinye sibisabo. Wayengunina wobhaphathizo lwamanga emanzini. Ungunina wobufakazi bamanga bukaMoya oNgcwele, futhi uyalandela khona kanye laye. Manje kasiboneni.

¹⁸⁹ "Ngabe lokho kuliqiniso, Mfowethu Branham?" Zithulele nje okwesikhhatshana.

¹⁹⁰ Bona, ungunina wamabizo enhlamba, amakilabhu abantu abawajoyinileyo, futhi baletsha isigcono, baphila loba ngayiphi indlela, bagqoke okabhudula, abafazi lenwele ezigeliweyo, bezipendile, behlabela emakwayeni, babbema igwayi, bathatha isidlo, zonke inhlobo zokungcola komhlaba, futhi kuyisikhukiso kongakholwayo. UThimothi akakhulumanga ngakho, uMoya oNgcwele? Khangela. Bona, yena, iRoma, ingunina wabo bonke. Bona? Lenza khona kanye enhlanganisweni yenu njenga lokho akwenzayo, ukujobelela imfundiso-nkolo esikhundleni seLizwi, ngoba iqembu lamadoda lakubeka ndawonye, amagosa labobhishopi lokunjalo bathi kwakumele kube ngalindlela, futhi yikho kanye lokho okwathathindawo eRoma. Futhi uzama ukukwenza, mfowethu ongumalusí, yamukela iLizwi eligcweleyo likaNkulunkulu, futhi, khangela lapho ozakuya khona, khona phandle emnyango!

Manje sizabona uba uNkulunkulu wakutshela ukukwenza, kumbe hatshi, ngemizuzu emilutshwane. Bona? Kulungile.

